



NguMongameli uThomas S. Monson

# iThempeli eliNgcwele— liwukuKhanya Emhlabeni

*Kukho konke okubalulekile kanye nomqhele wezibusiso wokuba yilungu eBandleni yizibusiso esizitholayo emathempelini kaNkulunkulu.*

**B**afowethu nodade wethu abathandekayo, ngelula uthando lwami kanye nokubingelela kinana nithandaze ukuthi uBaba wethu waseZulwini uzongihola ngomqondo wami futhi akhuthaze amazwi ami njengoba ngikhuluma nani namuhla.

Mangiqale ngokuphawula okunye noma okubili maqondana nemilayezo emihle esiyizwile ekuseni kwanamhlanje evela kudade uAllred kanye noBhishobhu uBorton nabanye maqondana nohlelo kwezenhlala kahle eBandleni. Njengoba kukhonjisiwe, lonyaka simaka ianivesari ye 75 yalohlelo oluvusa ugqozi, busise izimpilo zabantu abaningi. Kwakuyilungelo lami ukwazi ngokwami labo abasukela umsebenzi omkhulu kangaka abangamaphayoniya—amadoda

anozwelo futhi acabangela phambili.

Njengoba bobabili uBurton noDade uAllred kanye nabanye ababaliwe, ubhishobhu wewodi unikeziwe igunya lokubheka labo abasweleyo abahlala ngaphakathi kumngcele kwewodi yakhe. Kwakunjalo-ke ngenkathi ngengamele njengombhishobhu osemusha eSalt Lake City ewodini elingaphezulu kuka 1,080 wamalungu, kukhona nabafelokazi abangu 84. Babebaningi abadinga usizo. Nganginokubonga okukhulu ngenxa yohlelo lwezenhlalakahle eBandleni kanye nosizo lweNhlalngano Yabesimame Ekhululekile futhi namakhorami obupristi.

Ngisho ngokungangabazi ukuthi uhlelo lwezenhlalakahle leBandla likaJesu Krestu Labangcwele

bezinsuku Zokugcina ligqugquzelwe uNkulunkulu onamandla.

Manje, bafowethu kanye nodade bethu, lenkomfa imaka iminyaka emithathu kusukela lapho ngasekwa njengoMongameli weBandla. Nge mpela bekuneminyaka ephithizelayo, egcwele izivivinyo kepha futhi nezi-busiso eziningi. Ithuba lelo enginalo ukubusisa nokubusisa kabusha amathempeli kuyekwaba esithokozisayo kanye nesingcwele sezibusiso, ngifisa ukukhukuluma nani ngokuphathe-lene nethempeli namhlanje.

Ngesikhathi senkomfa kawonke wonke kaOkthoba 1902, uMongameli weBandla uJoseph F. Smith wakuhluma kwinkulumo yakhe ngethemba lokuthi ngelinye ilanga sizokuba “namathempeli akhiwe kwizindawo ezihlukahlukene [zomhlaba] lapho adingeke ukusiza abantu.”<sup>1</sup>

Ngesikhathi seminyaka yokuqala engu 150 elandela ukuhlangani-swa kweBandla, kusukela ngo 1830 kuya ku1980, amathempeli angu 21 akhiwa, kubalwa nethempeli lase-Kirtland, Ohio, kanye neNauvoo, Illinois. Qathanisa lokho neminyaka engu30 kusekela ngo1980, ngesikhathi lapho amathempeli angu115 akhiwa futhi abusiswa. Ngalesimemelo sayizolo samathempeli amathathu asemasha, kukhona amathempeli angeziwe angu26 asakhiwa noma aseqedliwe ukwakhiwa. Lezinombolo zizoqhubeka zikhule.

Injongo uMongameli uJoseph F. Smith owayekufisa ngo 1902 kwenzeka ngempela namuhla. Izifiso zethu ukwenza ithempeli litholakale kumalungu ethu ngokufanele.

Enye yamathempeli okwamanje

isakhiwa iseManaus, eBrazil. Eminyakeni eminingi edlulile ngafunda ngeqembu lamalungu angaphezulu kwekhulu asuka eManaus, baya endaweni ephakathi nehlathi iAmazon, ehamba eya lapho kwakuyithempeli eliseduzane, elalise São Paulo, eBrazil—cishe 2,500 yamamayili (4,000 km) ukusuka eManaus. Labo abaNgcwele abakholwayo bahamba ngomkhumbi izinsuku ezine emfuleni iAmazon kanye nemingelana yakhona. Emva kokuphela kohambo lolu ngamanzi, bagibela amabhasi izinsuku ezinye ezintathu zohambo-phezukwe zindlela ezinamagquma, nukudla kukuncane okumele bakudle, futhi kungekho nandawo ethokomele yokulala. Emva kwezinsuku eziyisikhombisa nobusuku bafinyelela ethempelini e São Paulo, lapho imimiselo yaphakade ngenvelo yenzelwa khona. Nangempela uhambo lwabo lokubuya lwalunzima. Nomakunjalo, babethole imimiselo kanye nezibusiso zethempeli, futhi nomake izikhwama zabo zingenalutho bona ngokwabo babegcwele umoya wethempeli kanye nokubonga ngezibusiso abazitholile.<sup>2</sup> Manje-ke, eminyakeni eminingi elandelayo, amalungu ethu eManaus ayajabula uma ebona ithempeli labo libumbeka emngceleni weRio Negro. Amathempeli aletha injabulo kumalungu ethu athembekileyo noma kuphi lapho akhiwe khona.

Imibiko yokuzinikela ukuze kutholakale izibusiso ezitholakala emathempelini kaNkulunkulu kuphela iyohlala ithinta inhliziyi yami futhi iletha kimi ukuvuselela kabusha komqondo wokubonga ngamathempeli.

Make ngabelane nani ngokuchaza kabanzi ngoTihi kanye noTararaina Mou Tham kanye nezingane zabo ezingu10. Umndeni wonke wangena eBandleni masishane ngo1960, ngenkathi abafundisi bezenkolo befika esiqhingini sabo esisendaweni engu 100 wamamayili (160 km) eningizimu yeTahiti. Maduzane-nje base beqala ukufisa izibusiso zokuhlanganiswa komdeni ingunaphakade ethempelini.

Ngaleso sikhathi ithempeli ebeliseduzane nomndeni wakwa Mou Tham kwakuyithempeli laseHamilton New Zealand, amamayili angaphezulu kuka 2,500 (4,000 km) ngaseningizimu yentshonalanga elitholakala kuphela ngokuhamba ngendiza ebizayo. Umndeni omkhulu kaMou Tham, owawuphila ngemali encane epulazini elincane, ungenamali yokukhokha indiza mshini noma ithuba lokuthola umsebenzi esiqhingini sabo sasePhasefiki. Ngakho-ke umfo uMou Tham kanye nendodana yakhe uGerard benza isinqumo esinzima ukuba bahlangane nenye indodana eyayisebenza ezimayini zenikheli eNew Caledonia, amamayili angu 3000 (4,800 km) ukuya entshonalanga. Umqashi wayekhokhela abasebenzi bakhe imali eyanele ukuya ezimayini kepha engabaniki imali noma indlela yokubuyela ekhaya.

Bebathathu abafu bakwa Mou Tham basebenza iminyaka emine ezimayini zenikheli, bamba futhi belayisha i-ore. Umfo uMou Tham eyedwa wabuyela ekhaya ukuyovakasha okwesikhashana njalo ngonyaka, eshiya amadodana akhe eNew Caledonia.

Emva kweminyaka emine yokusebenza kanzima, uMfo Mou Tham kanye namadodana akhe alondoloza imali eyanele ukuthatha umndeni uye eThempelini lase New Zealand. Bonke bahamba, ngaphandle kwendodakazi eyodwa. Baya ukuhlanganiswa okwesikhathi kanye naphakade, isifundo esaba injabulo abangeke bayichaza.

Umfo uMou Tham wabuyela esuka ethempelini eya eNew Caledonia, lapho ayesebenza khona iminyaka engaphezulu kwemibili ukuze abhadalele indodakazi yakhe eyodwa engazange ithole ithuba lokuya nomndeni ethempelini—indodakazi yakhe eshadile nengane kanye nomnyeni.

Eminyakeni ezayo Umfowethu kanye noDade uMou Tham baba nogqozi lokusebenza ethempelini. Ngesikhathi ithempeli iPapeete Tahiti lakhiwe futhi labusiswa, basebenza ebufundisini kabili.<sup>3</sup>

Bafowethu kanye nodade,

amathempeli angaphezulu kwetshe kanye nodaka. Agcwele ukholo kanye nokuzila ukudla. Akhiwe ngezilingo kanye nobufakazi. Angcwelisiwe ngeminikelo kanye nangomsebenzi.

Ithempeli lokuqala ukuba elakhiwa kulesikhathi samanje kwakuyithempeli iKirtland, Ohio. Abangcwele ngaleso sikhathi babehlupheka, futhi-ke iNkosi yabayala ukuthi bakhe ithempeli, ngokunjalo balakha. Kwabhala iGosa uHeber C. Kimball owayenolwazi, “iNkosi yiyona eyaziyo izindawo ezihluphekileyo, izilingo kanye nokuhlukumezeka kwengqondo esidlula kuyo ukuze sizifeze.”<sup>4</sup> Futhi, emva kwakho konke lokhu okubuhlungu okuphelile, Abangcwele baphoqeleka ukuba bashiye iOhio kanye nethempeli labo abalithandayo. Bagcine beyitholile indawo yokucasha—noma-ke kuzoba okwesikhashana—maduzane nomfula iMississippi esendaweni Illinois. Bayibiza indawo yabo yokuhlala ngokuthi iNauvoo, futhi bazimisele ukunika konke kwabo futhi kanye nokholo lwabo kuhlangene, bakhala uNkulunkulu wabo elinye ithempeli. Ubandlululo lwabanolaka, kepha, futhi Ithempeli iNauvoo kuseduzane liphele, baxoshwa emakhaya abo futhi, bafuna indawo yokucasha phakathi ogwadule.

Ukuthwala kanzima kanye nokuzinikela kwaqala futhi njengoba basebenza iminyaka engu40 ukwakha Ithempeli iSalt Lake, elime ngobukhulu endaweni eseningizimu kulabo bethu abakhona lapha namuhla Kwisakhiwo Senkomfa.

Ukuzinikela okuthize njalo kwakufaniswa nokwakhiwa kwethempeli kanye nethempelini. Singabali labo abasebenze kanzima futhi bathwala kanzima ukuze bathole ngokwabo kanye nemindeni yabo izibusiso ezitholakala emathempeli kaNkulunkulu.

Yingani abaningi bayavuma ukuba banikele kakhulu ukuze bathole izibusiso zethempeli? Labo abaqondayo izibusiso zaphakade ezivela ethempelini bayazi ukuthi akuna kuzinikela okukhulu, akhukho nani eliphezulu kakhulu, noma ukuthwala kanzima

okukhulu ukuze uthole lezo zibusiso. Akuzange kubekhona amamayili amaningi okuhamba, izithibe eziningi ukuzinqoba, noma ukungaphatheki kahle okuningi ukuba ubekezele. Bayaqonda ukuthi imithetho esindisayo etholakala ethempelini esivumelayo ukuthi ngelinye ilanga sibuyele kuBaba wethu waseZulwini kubuhlobo bomndeni baphakade futhi ubusiswe ngezibusiso zasethempelini kanye namandla avela phezulu afanele inani lokuzinikela kwethu kanye nemizamo yethu konke.

Namuhla abaningi bethu akudingeki ukuthi sihlupheke noma sidlule ebunzimeni ukuze siye ethempelini. Amaphesenti angamashumi ayisishigalombili nesihlanu wangamalungu eBandla manje asehlala duzane ngamamayili angu 200 (320 km) ngasethempilini, futhi ikakhulukazi abaningi bethu ibanga lelo lifishane kakhulu.

Uma uke waya ethempelini wena ngokwakho futhi uhlala maduzane kakhulu nethempeli, ukuzinikela kwakho kungukubeka isikhathi empilweni yakho ematasatasa ukuba uvakashele ithempeli njalo. Kuningi okumele kwenziwe emathempelini ethu okumayelana nalabo abangasekho. Njengoba senzela bona umsebenzi, singakwazi ukufeza lokho abangakwazi ukuze nzela kona. uMongameli uJoseph F. Smith, kwisimemezelo esikhulu, wathi, "Ukuzimisela kwethu ngomsebenzi wabo amaketanga okuboshwa azakukhumuka kubo, futhi nobumnyama obubazungezile buzakusuka, ukuze ukukhanya kucwebezele kubona futhi bazakuzwa emhlabeni womoya ngomsebenzi oyenzwe ngabantwana babo lapha, futhi bazakujabula nani ekwenzeni kwenu lemisebenzi."<sup>5</sup> Bafowethu nodade, umsebenzi ngowethu ukuba siwenze.

Emndenini wami, ezinye eziningi zezehlakalo ezingcwele kanye nezinyigugu zenzeke lapho sihlangene sonke ethempelini ukwenzela labo abangasekho izimiso zokuhlanganisa umndeni.

Uma ungakaze uye ethempelini noma wena *uke* waya kepha uvumelekile okwamanje ukungena, asikho isifiso kuwena esibaluleke ukwedlula

ukusebenzela ukuba uvumeleke ukungena ethempelini. Ukuzinikela kwakho kungahle kulethe empilweni yakho ukulalela ukuthi yini efunekayo ukuthola incwadi ekunika imvume, mhlawumbe ungayekela lezo zinto ojwayele ukuzenza ezivimbela ukuvumeleka kwakho. Kungahle kube ukholo kanye nokukhokha okweshumi njalo. Noma kuyini, ekuvumela ukuba ungene ethempelini likaNkulunkulu. Thola incwadi ekunikaimvue yokungena ethempelini bese uyithatha njengento eyigugu kakhulu kuwe, ngokuba kunjalo.

Ngaphandle kokuba ungene endlini yeNkosi futhi uthole izibusiso zonke ezikulindele lapho, awukatholi konke iBandla elikunikeza kona. Izibusiso zonke ezibalulekile kanye nezithwesiwe zobulungu eBandleni yizibusiso esizitholayo emathempelini kaNkulunkulu.

Manje-ke, abangane bami abasebasha abakuleminyaka yenu yobusha, njalo ibani nethempeli enilibonayo. Ungenzi lutho oluzokuvimbela ukuba ungangeni eminyangweni kanye nokuthatha izibusiso ezingcwele futhi zaphakade. Ngixusa kulabo benu abavele sebayile ethempelini njalo ukuyobhabhadisela labo asebashona, abavuka ekuseni kakhulu ukuze ube yingxenywe yalokhu kubhabhadiswa ngaphambi kokuba isikole siqale. Ngingacabanga ukuthi akunandlela engcono yokufika ukusuka.

Kinina bazali babantwana abancane make ngabelane nani mayelana neseluleko esihlakaniphileyo esivela kuMongameli uSpencer W. Kimball. Wathi: "Kungaba yinto enhle uma . . . abazali ikamelo nekamelo ezindlini zabo libe nesithombe sethempeli ukuze [abantwana babo] kusukela [bese] bancane babheke isithombe nsuku zonke [kuze] kube yingxenywe ye [zimpilo zabo]. Uma [befika] eminyakeni lapho [bedinga] ukuba bathathe [isi] nqumo esibalulekile kakhulu [maqondana nokuya ethempelini], kuzobe sekwenzekile vele."<sup>6</sup>

Izingane zethu ziyacula eKilasini lezingane:

*Ngithanda ukuboba ithempeli.  
Ngiyongena phakathi ngolunye usuku.  
Ngizokwenza isivumelwano noBaba wami;  
Ngiyethembisa ukuthi ngizolalela.*<sup>7</sup>

Ngixanincenga ukuba nifundise izingane zenu ngokubaluleka kwethempeli.

Umhlaba ungaba yindawo enesivivinyo futhi enzima ukuba siphile kuyo. Sizungezwe njalo ngalokho okuzosicekela phansi. Njengoba wena nami siya ezindlini ezingcwele zikaNkulunkulu, njengoba sikhumbula izivumelwano esizenzile ngaphakathi sizokwazi kakhulu ukubhekana nezimo futhi singqobe izilingo ngasinye. Kulendawo enomoya ongcwele sizothola ukuthula, sizovuseleka kabusha futhi siqinisekise.

Manje, bafowethu kanye nodade, make nginitshele ngethempeli elilodwa ngaphambi kokuba ngivale. Kungekudala kwiminyaka ezayo njengoba amathempeli amasha enziwa kahle emhlabeni wonke, elinye lizobakhona edolobheni elineminyaka engaphezulu kuka 2,500 eyadlulayo. Ngikhuluma ngethempeli namuhla elakhiwe eRome, Italy.

Ithempeli nethempeli liyindlu kaNkulunkulu, ligcwalisa umsebenzi ofanayo kanye nezibusiso ezifanayo kanye nezimiso. Ithempeli laseRome eItaly, ngokungavamile lakhiwe endaweni edume kakhulu kwezomlando emhlabeni, idolobha lapho abaPostoli bakudala uPeter noPawula bashumayela ivangeli likaKrestu nalapho futhi omunye nomuye wabo wabulawelwa khona.

Ngo Okthoba odlule, ngenkathi sihlanganyele endaweni yasemakhaya ekhoneni lasenyakatho nempumalanga neRome, kwakuyithuba lami lokuba nginikele ngomthandazo wokubusisa njengoba sasizilungiselele ukuhlakaza inhlabathi. Ngazizwa ngijabulile ukubiza umuntu omkhulu ePhalamende umTaliyane uLucio Malan kanye nesekela lika meya yaseRome uGiuseppe Ciardi ukuba abe

ngomunye bokuqala ukuba aphe-ndule umhlabathi ogcwele ihhalavu. Omunye ube yingxenye yesinqumo ukuvumela thina ukuba sakhe ithempeli edolobheni labo.

Losuku lwaluguqubele kepha kufudumele, noma-ke invula yayifuna ukuphazamisa, akuzange kunethe itonsi noma amabili. Njengoba ikhwaya enhle icula ngesitaliyane ukudonsa okuhle kwe “Umoya ka Nkulunkulu,” ngezwa sengathi izulu nomhlaba kuhlangane ngeculo lendumiso lokubonga kanye nenjabulo kuNkulunkulu umnini mandla onke. Izinyembezi angikwazanga ukuzivimba.

Ngosuku olulandelayo, abakholwayo kuleli, dolobha Laphakade, bazothola imithetho nezimiso zaphakade endlini engcwele kaNkulunkulu.

Ngikhombisa uthando lwami olungapheliyo kuBaba wami waseZulwini ngethempeli elakhiwayo

namuhla eRome futhi nakuwo wonke amathempeli noma kukuphi lapho ekhona. Omunye nomunye uyema njengokukhanya emhlabeni, njengenkomba yobufakazi bethu ukuthi uNkulunkulu, uBaba wethu Waphakade, uyaphila, futhi ufisa Yena ukusibusisa thina futhi, ngempela, ukubusisa amadodana kanye namadodakazi akhe nezizukulwane zonke. Eminye yamathempeli kuyinkomba yobufakazi bethu ukuthi impilo ngalena kwethuna ikhona ngempela futhi ngokuqinisekileyo njengezimpilo zethu lapha emhlabeni. Ngiyafakaza.

Bafowethu kanye nobodadewethu, make senze nanoma ngumnikelo onjani odingekayo ukuthi siye ethempelini ukuthi umoya wasethempelini ube nathi ezinhlizweni zethu kanye nase-makhaya ethu. Make silandele

ezinyathelweni zeNkosi yethu noMsindisi, uJesu Krestu owenza umnikelo wokugcina kithina ukuthi sibe nokuphila okuphakade nokwenyukela kumbuso kaBaba wethu waseZulwini. Lokhu ngumthandazo wami wangempela, futhi nginikela wona egameni likaMsindisi wethu uJesu Krestu iNkosi, amen.

#### **AMANOTHI**

1. Joseph F. Smith, KumbikoWenkomfa, Oct. 1902, 3.
2. Bona uWilson Felipe Santiago kanye no Linda Ritchie Archibald, “Ukusukela eAmazon Basin ukuya eThempeleni,” *Izindaba zeBandla*, Mar. 13, 1993, 6.
3. Bona C. Jay Larson, “Izikhathi zeThempeli: Izifiso Esinzima,” *Izindaba Zebandla*, Mar. 16, 1996, 16.
4. uHeber C. Kimball, in Orson F. Whitney, *Impilo kaHeber C. Kimball* (1945), 67.
5. *Izifundiso zabaProfethi beBandla: Joseph F. Smith* (1998), xiv, 21–22.
6. *Izifundiso zikaSpencer W. Kimball*, ed. Edward L. Kimball (1982), 301.
7. uJanice Kapp Perry, “Ngiyethanda Ukubona iThempeli,” *Incwadi yamaculo Wezingane*, 95.

# Ukufundisa kweSikhathi Sethu

Izifundo ngeSonto lesine zobuPristi bukaMelkezediki kanye Nenhlalngano Yabesimame Ekhululeki-leyo izonikezelwa ku “Ukufundiswa kweSikhathi Sethu.” Isifundo ngasinye singalungiselelwa ukusukela enkulumeni eyodwa noma eziningi ezinikeziwe eduzane nje kwinkomfa kawonke wonke. Omongameli beSteki nabesifunda bangakhetha ukuthi eziphi izinkulumo abangazisebenzisa izinkulumo noma bangakhetha ukunikeza obhishobhu kanye nabo mongameli begatsha. Abaholi kumele bagcizelele ubungakho babafowethu bobuPristi buka Melkhezediki kanye nabodade benhlango Yabesimame Ekhululekile ukuba bafunde izinkulumo ezifanayo ngamasonto afanayo.

Labo abeza ngeSonto lesine bakhuthazwa ukuba bafunde balethe eklasini umshicilelo wephepha bhuku wamuva nje wenkomfa kawonke wonke.

## Iziboniso uma ulungiselela Isifundo esivela eZinkulumeni

Thandaza ukuthi uMoya Oyingcwele ube nawe ngenkathi ufunda futhi ufundisa (izi) nkulumo. Ungahle ulingeke ukulungiselela isifundo ngokusebenzisa ezinye

izinto, kepha izinkulumo zenkomfa izifundo eziyinxenye yezifundo ezikhethiwe ukuba zifundiswe.

Umsebenzi wakho ngokusiza abanye bafunde futhi baphile ivangeli njengoba lifundiswa kwinkomfa kawonke wonke yamanje yeBandla.


Bukisisa izinkulumo, ubheke imithetho kanye nemfundiso yobuKrestu leyo ehlangabezana nezidingo zamalungu ekilasini. Futhi funa izinganekwane, ubheke imiboniso esemibhalweni engcwele kanye nezifundiso ezivela kwi (zi) nkulumo zekomfa ezizokusiza ukufundisa lamaqiniso.

Ketha indlela leyo ozokufundisa ngayo imithetho kanye nezifundiso zobukrestu. Indlela oyikhethele ukufundisa ngayo kufanele ibe nemibuzo ezosiza amalungu:

- Bheka imithetho kanye nezifundiso zobukrestu (ezi) nkulumeni.
- Cabanga ngokuthi kusho ukuthini.
- Yabelana ngemiqondo ezwakalayo, ngokwaziyo, kanye nobufakazi.
- Basebenzise lemithetho kanye nemfundiso yobukrestu ezimpilweni zabo.

IZINYANGA	IZINTO ZESIFUNDO SESONTO LESINE
uMeyi 2011– uOktoba 2011	Izinkulumo ezikhishwe ngoMeyi 2010 <i>kwiliahona</i> *
uNovemba 2010– uApril 2011	Izinkulumo ezikhishwe ngoNovemba 2010 <i>kwiliahona</i> *

\* *Lezinkulumo zitholakala (ngamalimi ahlukahlukene) e conference.lds.org.*



**NguMongameli uHenry B. Eyring**  
Ikhansela Lokuqala kubuMongameli Bokuqala

# Amathuba okuthi Senze Okuhle

*Indlela yeNkosi yokusiza labo abahluphekile ngezinto zesikhashana kudinga abantu ngenxa yothando bazi-ngcwelisa bona futhi lokho abanakho kuNkulunkulu kanye nasemsebenzini Wakhe.*

**B**afowethu nodadebethu, injongo yomyalezo wami ukuhlonipha nokujabulela okwenziwe yi-Nkosi futhi wenza ukusiza abampofu kanye nabasweleyo phakathi kwabantwana Bakhe emhlabeni. Uthanda abantwana Bakhe abahluphekile futhi nalabo abafuna ukusizwa. Futhi Yena udale izindlela zokubusisa bonke abadinga usizo kanye nalabo abazolunikeza.

Ubaba Wethu waseZulwini uyayizwa imithandazo yabantwana Bakhe kumhlaba wonke abacela ukudla ukuze badle, izimpahla ukuze bembeze imizimba yabo, kanye nokubanikeza isithunzi esingahle sifike ngokuba bakwazi ukuzondla bona ngokwabo. Lezo zikhalo zafinyelela Kuye ngesikhathi ebeka amadoda kanye nabesifazane emhlabeni.

Ufunda ngalezidingo lapho uhlala khona futhi nasemhlabeni jikelele. Inhliziyo yakho iyagoqozeka ngenizwa yozwelo. Uma uhlangana

nomunye umuntu ohluphekayo ukuthola umsebenzi, uba nozwelo likufisa ukumsiza. Uyezwa uma uya endlini yomfelokazi futhi ubone ukuthi akanakho ukudla. Uyazizwa uma ubona izithombe zezingane ezikhlayo zihlezi ezindongeni eziwile zekhaya labo ezimosheke ngenxa yokuzamazama komhlaba noma ngomlilo.

Ngokuba iNkosi iyezwa izikhalo zabo futhi ubathanda ngothando olujulile, kusukela ekuqaleni kwesikhathi wenza indlela yokuthi abafundi Bakhe basize. Uye wamema izingane Zakhe ukuthi banikele ngesikhathi sabo, ngalokho abanakho futhi basebenzisane Naye ukusiza abanye.

Indlela Yakhe yokusiza kwesinye isikhathi ibizwa ngokuthi ukuphila ngokomthetho oNgcwelisiwe. Ngesinye isikhathi indlela Yakhe yayibizwa nge uhlu lobumbano. Ngesikhathi sethu kubizwa ngohlelo lwezenhlalakahle zeNkonzo.

Amagama kanye neminingwane yokusebenza kungaqulwa ukuze kweneliseke izidingo kanye nezimo zabantu. Kepha njalo Izindlela ze-Nkosi ukusiza labo abahluphekayo okwesikhashana kudinga abantu labo ngothando bazenzele bona umthetho wobungcwelisa nalokho abanakho kuNkulunkulu nasemsebenzi Wakhe.

Umemile futhi wasiyala thina ukuthi sabelane emsebenzini wakhe ukuphakamisa labo abahluphekileyo. Senze isivumelwane ukwenza lokhu emanzini wokubhabhadisa futhi nasemathempelini angcwele kaNkulunkulu. Siye savuselela isivumelwano ngeSonto ngenkathi samukela isidlo seNkosi.

Injongo yami namuhla ukuchaza ezinye zamathuba lowo asinikeze wona ukusiza abanye abahluphekileyo. Angeke ngikhulume ngabo bonke ngesikhathini esincane esinaso sindawonye. Ithemba lami ukuvuselela nokukhulisa ukuzinikela kwenu ukuba nenze.

Kuneculo mayelana nokumenywa yiNkosi kulomsebenzi engangilicula ngenkathi ngisengumfana osemncane. Ebuncaneni bami ngangibheke kakhulu ebumnandini bengoma kunamandla wamagama. Ngiyathandaza ukuthi nizwe amagama omculo ezinhlizweni zenu namuhla. Make silalele amazwi futhi:

*Ngenzile okuhle emhlabeni namuhla na?*

*Ngike ngasiza umuntu owayedinga usizo na?*

*Ngike ngajabulisa odabukileyo ngase ngenza omunye ukuba azizwe ejabulile?*

*Uma kungenjalo, angiphumelelanga ngempela.*

*Ingabe kukhona umuntu onomthwalo osindayo wenziwa wabalula namuhla*

*Ngokuba ngangizimisele ukwabelana?*

*Ingabe ogulayo nalowo okhatheleyo basiziwe endleleni yabo na?*

*Ngenkathi bedinga usizo lwami bengikhona na?*

*Ngakho-ke wenze utho ngaphezulu kunokuphupha ngomuzi omkhulu ophezulu.*

*Ukwenza okuhle kuyinjabulo, injabulo eyeqile engakaleki,*

*Isibusiso somsebenzi nothando.<sup>1</sup>*

iNkosi njalo ithumela imibiko esivusayo kithi sonke. Kwesinye isikhathi kuba wumuzwa oshe-shayo wozwelo kumuntu odinga usizo. Ubaba angahle ayizwe uma ebona ingane iwa futhi ilimele idolu. Umama angahle ayizwe uma ezwa ukukhala kokwesaba kwengane yakhe ebusuku. Indodana noma indodakazi ingahle izwe uzwelo kumuntu obukeka sengathi uphatheke kabi noma owesabayo esikoleni.

Sonke sesikesaba nozwelo lokuzwa ubuhlungu kwabanye futhi esingabaziyo. Njengokuthi, njengoba uzwile imibiko yamagasi igijima inqamula iPhasifikhi emva kokuza-mazama komhlaba eJapani, uzizwa ukhathazekile ngalabo abangahle balimale.

Imizwa yozwelo yeza kwizinkulungwane ezivela kini abafundile ngezikhukhula eQueensland, eAustralia. Imibiko yezindaba yayicishe ifanisele izinombolo zalabo abadinga usizo. Kepha abanengi benu bezwa ubuhlungu ngalabantu. Umbiko osivusayo waphendulwa ngabantu abangu 1,500 noma ngaphezulu kwamalungu eBandla angamavolintela eAustralia abeza ukuzosiza futhi banethezekise.

Baphendula imizwa yabo yozwelo ngokuthatha isinqumo sokwenza ngezivumelwano zabo. Ngizibonile izibusiso eziza kumuntu odinga ukuthola usizo futhi nakumuntu othatha ithuba ukuba alinikeze.

Abazali abahlakaniphile babona

ezidingweni zabanye indlela yokukuletha izibusiso ezimpilweni zamadodana abo kanye namadodakazi. Abantwana abathathu muva nje baphethe izindishi eziphethe ukudla kwasihlwa okumnandi emnyango wethu. Abazali babo bebazi ukuthi sidinga usizo, futhi bafaka abantwana babo ethubeni lokusebenzela thina.

Abazali babusisa umndeni wethu ngomsebenzi wabo omkhulu. Ngokukhetha kwabo bavumele abantwana babo ukuba babelane ekunikezeni, bakhulisa izibusiso kubazukulu babo ngokuzayo. Ukumoyizela kwezingane ngenkathi beshiya ikhaya lethu kwangenza ngaba nethemba lokuthi kuzokwenzeka. Bazobatshele abantwana babo ngenjabulo ababenayo benikezela ngomusa umsebenzi weNkosi. Ngiyakhumbula lowomuzwa okuwaneliseka ngempela ebuncaneni bami njengoba ngetomula utshani kamekhelwane wami ngivunyelwe ngubaba wami. Uma ngimenyiwe ukuba ngibe ngophayo, ngikhumbula futhi ngikhulwe amazwi eculo elithi “Umsebenzi omnandi, Nkulunkulu wami, Nkosi yami.”<sup>2</sup>

Ngiyazi lamagama ayebhalwe ukuchaza injabulo eza ngokudumisa iNkosi ngosuku lweSabatha. Kepha lezozingane ezaziphethe ukudla zime emnyango wethu zezwa injabulo phakathi kweviki yokwenza umsebenzi weNkosi. Futhi abazali babona ithuba lokwenza okuhle futhi thela injabulo phezu kwezizukulwane zabo.

Indlela yeNkosi yokunakekela labo abaswelayo inikeza elinye ithuba kubazali ukuba babusise abantwana babo. Ngibonile esontweni ngelinye iSonto. Ingane esencane yanikeza kubhishobhu umnikelo ovela emndenini wakhe ngemvilophu ngenkathi engena esontweni ngaphambi komhlangano wesidlo senkosi.

Bengimazi umndeni kanye nomfana. Umndeni ubuqeda ukwazi ngomunye umuntu ewodini obehluphekileyo. Ubaba womfana wayekhulume okuthile okufana nalokhu emntwaneni ngenkathi ebeka

ngokuzithoba umnikelo wokuzila ongavamile kwi emvilophu “Sizilile namuhla futhi sathandazela labo abahluphekile. Ngicela unikeze lemvilophu kubhishobhu. Ngiyazi uzonikeza usizo kulabo abahluphekile kakhulu kunathi.”

Esikhundleni sobuhlungu bendlala ngalelo Sonto, umfana uzokhumbula usuku ngokukhazimula okufudumele. Ngangikwazi ukusho ngokumoyizela kwakhe nangendlela ephatha ngayo i-emvilophu wayiqinisa ukuthi uzwa ukwethenjwa okukhulu kukababa wakhe ukuba athwale umnikelo womndeni kwabahluphekile. Uzokhumbula lolosuku ngenkathi engudikhoni futhi mhlawumbe ingunaphakade.

Ngabona ukujabula okufanayo ebusweni babantu abasiza iNkosi eIdaho eminyakeni eminigi eyadlula. Idamu iTeton lagqabuka ngoMgqibelo, kaJune, 1976. Abantu abayishumi nanye bafa. Izinkulungwane kwakufanele zishiye amakhaya azo ngemizuzwana embalwa. Amanye amakhaya amuka namanzi. Izindlu ezingamakhulu zenziwa zaba ngezokuhlala kuphela ngemizamo emikhulu okwedlula abanini bazo.

Labo abezwa lenhlekelele baba nozwelo, abanye futhi bezwa ubizo lokwenza okuhle. Omakhelwane, obhishobhu, omongameli Benhlangano Yabesimame Ekhulilekile, abaholi bekharamu, othisha, kanye nothisha bokuvakasha bashiya amakhaya kanye nemisebenzi beyokuhlazisa izindlu emoshwe yizikhukhula zabanye.

Abashadikazi abanye bebuya eRexburg ekuvakasheni emva nje kwezikhukhula. Abazange baye ukuyobheka indlu yabo. Kunalokho, bathola ubhishobhu wabo ukubuza ukuthi bangasiza kuphi. Wabakhombisa umndeni odinga usizo.

Emva kwezinsuku ezimbalwa baya ukuyobheka umzi wabo. Seyihambile, yemukile nezikhukhula. Basuka bahamba babuyela kuBhishobhu babuza, “Manje ungathanda ukuthi senzeni?”

Noma kukuphi lapho uhlala khona, uye wasibona isimanga sozwelo kuguquka kuba ukwenza kokungazicabangeli. Mhlawumbe bekungeke kwenzeke kwinhlekelele enkulu kangaka. Ngiyibonile kwikhoramu yobupristi lapho umzalwane ephakama ukuchaza izidingo zomlisa noma owesifazane ofuna ithuba lomsebenzi ukuze azondle yena kanye nomndeni wakhe. Ngezwa ubuhlungu kulelo gumbi, kepha abanye banikeza amagama wabantu abangahle baqashe umuntu odinga umsebenzi.

Kwenzakani kwikhoramu yobupristi futhi kwenzekalani ezindlini ezahamba nezikhukhula e-Idaho ngenye yemibono ecacisa indlela yeNkosi, yokusiza labo abadinga usizo kakhulu ukuthi bakwazi ukuzimela. Sizwa sinozwelo, futhi siyazi ukuthi kufanele senze ngendlela yeNkosi ukuze sisize abanye.

Sigubha iminyaka engu 75 sikhumbula okuthile mayelane nohlelo lwenhlalakahle yeBandla kulonyaka. Yaqala ngokuba inhlangabezane nezidingo zalabo abalahlekelwa umsebenzi, amapulazi, kanjalo nezindlu ngesikhathi lapho kwabakhona ubuNzima Obukhulu kweZomnotho.

Izidingo zesikhashana ezinkulu zabantwana bakaBaba Wasezulwini zibuyile futhi esikhathini sethu njengoba benakho futhi njengoba befisa ngezikhathi zonke. Imithetho kwisisekelo sohlelo lwezenhlalakahle leBandla ayiyona yesikhathi esisodwa noma indawo eyodwa. Eyezikhathi zonke kanye nezindawo zonke.

Leyo mithetho eyomoya futhi eyaphakade Ngenzwa yilesosizathu, ukubaqonda kanye nokubafaka phansi ezinhlizweni zethu kusisiza ukuthi sikwazi ukubona nokuthatha amathuba ukusiza noma yinini noma yikuphi lapho iNkosi isibizela khona.

Nayi eminye imithetho engiholayo mina uma ngifuna ukusiza ngendlela yeNkosi futhi uma nami ngisizwa ngabanye.

Okukuqala, bonke abantu bajabula kakhulu futhi bazizwa benokuzihlonipha okukhulu uma bekwazi

ukuzenzela ngokwabo kanye nemindeni yabo beseke bese belule isandla kwabanye ngokubanakekela. Ngangijabulile ngalabo abangisizile ukuba ngihlangabezane nezidingo zami. Ngangijabulile kakhulu eminyakeni eminingi ngenxa yalabo abangisiza ukuba ngikwazi ukuzimela. Futhi-ke ngiye ngajabulela labo abangibonise ukuthi ngingasebenzisa kanjani okwami okuseleyo ukuze ngosize abanye.

Ngifunde ukuthi indlela yokuba nokusalayo ukuba usebenzise kancane kunalokhu okuholayo. Ngalokho okuseleyo ngikwazile ukufunda ukuthi kuyiqiniso ukuthi isandla esiphayo sibusisiwe ukwedlula esamkelayo. Lokho kungenxa yokuthi uma sinikeza usizo ngendlela yeNkosi, Uyasibusisa.

uMongameli uMarion G. Romney wathi maqondana nomsebenzi wezenhlalakahle “Ngeke ubempofu ngokuphisana kulomsebenzi.” Futhi-ke wacaphuna uMongameli wemishini, uMelvinbJ. Ballard, kanjena: “Umntu angeke aphe isikhokho eNkosini ngaphandle kokuthola isinkwa esiphelele emva kwalokho.”<sup>3</sup>

Ngithole lokho ukuthi kuyiqiniso empilweni yami. Uma nginozwelo kubantwana bakaBaba waseZulwini ngempela, Uzoba nozwelo kimi.

Umthetho wesibili wevangeli okade ungihola emsebenzini wezenhlalakahle ngamandla kanye nesibusiso sobumbano. Uma sihlanganisa izandla sisebenzela abantu abahluphekile, iNkosi ihlanganisa izinhliziyozethu. uMongameli J. Reuben Clark Jr. uyibeka kanjena: “Lokho kupha . . . kulethe . . . umuzwa ofanayo wobuzalwane njengabesilisa bonke abazilolongayo kanye nabasebenzisanayo engadini yezehlala kahle noma amaprojekthi.”<sup>4</sup>

Lokhu kukhula kobudlelwane bobuzalwane kuyiqiniso kulowo owamukelayo kanjalo nalowo ophayo. Kuze kube manje, indoda engangibhuca udaka kuhlangothi nohlangothi emzini wakhe wezikhukhula eRexburg wezwa ubudlelwane

phakathi kwakhe nami. Futhi wazizwa enesithunzi ngokwenza konke angakwenzela yena kanye nomndeni wakhe. Uma sisebenze sodwa, sobabili ngabe silahlekelwe isibusiso sikamoya.

Lokho kusiholela kumthetho wesithathu wokwenza umsebenzi wezenhlalakahle ungisebenzele: Hlanganisa umndeni emsebenzi wakho ukuze bafunde ukunakekelana njengoba benakekela abanye. Amadodana namadodakazi akho asebenzisana nawe ukuba basebenzele abanye abasweleyokungenzeka basizane uma omunye wabo anezidingo ezithile.

Umthetho wesine obalulekile wezenhlalakahle yeBandla engawufunda ngisengubhishobhu. Yeza emva kokulandela umthetho wencwadi engcwele ethi kufanele sifune labo abahluphekayo. Kungumsebenzi kaBishobhu ukufuna nokunikela usizo kulabo abaludingayo emva kwakho konke bona nomndeni wabo ababengakwenza. Ngithole ukuthi iNkosi ithumela uMoya Oyingcwele ukuthi kwenzeke “ukufuna, futhi nokutholalakala”<sup>5</sup> ekunakekeleni abampofu njengoba enza yena ekutholeni iqiniso. Kodwa ngafunda futhi ukuthi umongameli Wenhlangothi Yabesimame Ekhululekile ekufuneni. Angasithola isambulo ngaphambi kokuba usithole.

Abanye benu bazodinga ugqozi ezinyangeni ezizayo. Ukugubha iminyaka engu 75 sikhumbula okuthile ngohlelo lwezenhlalakahle lweBandla, amalungu umhlaba jikelele azomenywa ukuba abambe iqhaza ngosuku olulodwa enza lomsebenzi. Abaholi kanye namalungu bazo funa isambulo njengoba belungisa ukuthi iprojekthi izoba yini.

Ngizokunika imibono emithathu njengoba nilungiselela umsebenzi weprojekthi.

Okukuqala zilungiselele wena nalabo obaholayo ngokomoya. Uma ngempela izinhliziyozithanjiswe ngokuhlalulwa koMsindisi ungabona kahle injongo zeprojekthi njengesibusiso



somoya, kanye nesenyama yabantwana bakaBaba waseZulwini.

Umbono wami wesibili ukukhetha abazuzi bemisebenzi yenu phakathi kombuso noma emphakathini onezidingo ezizothinta izinhliziyozalabo abazonikela umsebeni. Abantu enibasebenzelayo bazokuzwa uthando lwabo. Lokho kungenza bazizwe bejabulile, njengoba iculo lithembisa, kunokuhlangabezana kuphela nezidingo zabo zesikhashana.

Umbono wami wokugcina ukulungiselela ukuthatha emandleni wabumbano womndeni, wamakhoramu, wezinhlango ezinomthelela, kanye nabantu abasemphakathini wangakini. Imizwa yobumbano izokwandisa imiphumela emihle ngemisebenzi oyinikelayo. Futhi leyo mizwa yobumbano emndenini, eBandleni, nasemphakathini izokhula ibe ngumlando ophila isikhathi eside emva kokuba iprojekthi iphelile.

Leli yithuba lami lokukutshela ukuthi ngikuthanda kangakanani wena. Ngomsebenzi wothando owunike iNkosi, ngamkele ukubonga okukhulu kubantu obasizile engihlangane

nabo emhlabeni jikelele.

Uthola indlela yokuba phakamisela phezu njengoba usiza endleleni yeNkosi. Wena nabafundi boMsindisi nithela isinkwa senu phezu kwamanzi ngemisebenzi, nabantu enibasisizile bazamile ukungipha isinkwa sokubonga emva kwalokho.

Ngithola ukubonga okufanayo okuvela kubantu abake basebenza nawe. Ngikhumbula ngolunye usuku ngimile eduzane kukaMongameli uEzra Taft Benson. Besixoxa ngomsebenzi wezenhlalakahle Ebandleni leNkosi. Wangimangaza ngokuba nogqozi lobusha ngenkathi ethi, “Ngiyawuthanda lomsebenzi, futhi ngumsebenzi!”

Ngenxa kamnumzane ngelula ukubonga ngomsebenzi wakho ukusebenzela abantwana bakaBaba wethu waseZulwini. Uyakwazi futhi uyayibona imizamo yakho, ukuhlakanipha, nokuzinikela kwakho. Ngiyathandaza ukuthi uzokunika isibusiso sokubona izithelo zemisebenzi yakho enjabulweni yalabo obasizile futhi wabasiza ngomandla eNkosi.

Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu

uBaba bayaphila futhi uyayizwa imithandazo yethu. Ngiyazi ukuthi uJesu unguKrestu. Wena nalabo obasebenzelayo ningahlanzwa futhi nikhuliswe ngokusebenzela Yena futhi nigcine imiyalelo Yakhe. Ungakwazi njengoba ngazi ngamandla kaMoya Oyingcwele ukuthi uJoseph Smith wayengumprofethi kaNkulunkulu owabuyisa iBandla eliphilayo leqiniso, yilo leli. Ngiyafakaza ukuthi uMongameli uThomas S. Monson ungumprofethi ophilayo kaNkulunkulu. Uyisibonelo esikhulu esibonisa ukuthi iNkosi yenzani: ihamba yenza okuhle. Ngithandaza ukuthi singathatha amathuba ethu “okuphakamisa izandla[ez] lengela phansi, futhi siqinise amadolo axegayo.”<sup>6</sup> Egameni elingcwele likaJesu Krestu, amen.

#### AMANOTH

1. “Ngikwenzile Yini Okuhle Na?” *Amaculo*, nombolo. 264.
2. “Umsebenzi Omnandi,” *Amaculo*, no. 147.
3. uMarion G. Romney, “Umsebenzi Wenhlalakahle: Uhlelo loMsindisi,” *Ensign*, Nov. 1980, 93.
4. J. Reuben Clark Jr., Kumbiko Wenkomfa, Oct. 1943, 13.
5. Bona uMatewu 7:7–8; uLuka 11:9–10; 3 uNefayi 14:7–8.
6. Imfundiso neZivumelwano 59:7, 21.